IZINZUZO ZIKA-2012 ZOKULALISWA ESIBHEDLELA

ISIGABA SEZINZUZO

Isamba semali esihlinzekwa ngonyaka	U-R 376 100 ngonyaka emndenini
Izinzuzo zokulaliswa esibhedlela	Ziya ngesamba semali ehlinzekiwe sonyaka
Odokotela abejwayelekile nama-Specialist	Inqunyelwe u-R 5 830 ngonyaka emndenini
Ezinye izindawo ezingezona izibhedlela Njengekhaya labagulela ukufa nokwelashwa ngabahlengikazi bangasese	Inqunyelwe u-R 4 340 ngonyaka emndenini
Ukufakelwa kwezitho zomzimba ngaphakathi nangaphandle (awabaliwe amazinyo okufakelwa)	Inqunyelwe u-R27 250 ngonyaka emndenini
Ukugula ngengqondo	Isilinganiso esinqunywe ngokomthetho
Ukufakelwa kwezitho zangaphakathi	Isilinganiso esinqunywe ngokomthetho
Zonke izinhlobo zomdlavuza	Isilinganiso esinqunywe ngokomthetho
Ukwelashwa kwezinso (i-dialysis)	Isilinganiso esinqunywe ngokomthetho
Ukuxilongwa nge-MRI/CT	Kanye kuphela ngonyaka emndenini
Ukufakelwa igazi/ imikhiqizo yegazi	Kuya ngesamba semali ehlinzekiwe sonyaka
Ukuhlinzwa nezindleko ezihambisana nakho	Kuya ngesamba semali ehlinzekiwe sonyaka
I-Radiology ne-pathology	Kuya ngesamba semali ehlinzekiwe sonyaka
Ukwelulwa komzimba i-Physiotherapy	Kuya ngesamba semali ehlinzekiwe sonyaka
Imithi onikezwa yona uma uphuma esibhedlela	R675 umuntu ngamunye ngesehlakalo ekhishwa esambeni semali ehlinzekiwe sonyaka
izinga lokukhokha elibekwe umthetho	semali ehlizekiwe sonyaka

Kufanele ugunyazwe ngaphambi kokulaliswa esibhedlela.
Zonke izinzuzo zikhokhwa ngesilinganiso esiphansi esisohlelweni
Zonke izinzuzo ezibekwe ngokuthi zizokhokhwa njegesilinganiso esibekwe ngumthetho, zitholakala ezibhedlela zikahulumeni kuphela.

LUSEBENZA KANJE LOLUHLELO LWAKHO

I-EyethuMed iluhlelo oluyisisekelo nje, olunembuyiselo ngemali yakho. Loluhlelo lukuhlinzeka ngosizo olungenamkhawulo lokunakekela impilo, lukunakekele uma usesibhedlela.

Uma ujoyina i-EyethuMed, ungakhetha phakathi kwezimbili izinkampani ezikhethiwe ezihlinzeka ngosizo, ama - Designated Service Provider (DSP), njenge-Carecross nePrimecure. Uma ungenelisiwe yinkampani oyikhethile, ungashintshela kwenye ngokushayela umnyango wethu osiza amakhasimende. Lelo nalelolunga livunyelwe ukushintsha iDSP yalo.

Ama-DSP akuhlinzeka ngosizo olumqoka oluyisisekelo, inqobo nje uma ukhetha ukuthola lolosizo ohlwini olungaphansi kwalenkampani oyikhethile.

Lokhu kubandakanya:

- Ukuvakashela odokotela abajwayelekile – i-Carecross ne-Primecure bakuvumela ukuba uye kathathu kodokotela abangekho ohlwini lwabo (Qaphela kodwa ukuthi kuzondingeka ubakhokhele labodokotela bese ucela imali yakho ku-DSP yakho);
- Imithi yesifo esikucindezele/ yobuhlungu obukhulu;
- Imithi yesifo esikucindezele;
- Ukulungiswa/ ukwelashwa kwamazinyo okujwayelekile;
- Imithi kanye nokwelashelwa kwengculaza nesandulelo ngculaza (HIV/AIDS);
- I-Radiology nePathology
  (thola kulowodokotela ukuthi wenza nhloboni yokuhlola);
- Isikhathi sokukhulelwa (kuhlangene nama-sonar amabili) ungekho esibhedlela Kufanele kube ngudokotela noma i-Radiologist esebenzisana ne-DSP yakho eyenza ama-sonar.

Izinzuzo zokulala esibhedlela zikhokhwa ngengxenye egade izingozi zaloluhlelo. Lokho kubandakanya isikhathi osilala esibhedlela nokwelashwa okutholayo ngenkathi usesibhedlela. Sicela ukhumbule ukucela imvume yokungena esibhedlela kule-scheme.

Eminye imininingwane mayelana nezinzuzo kanye nemibadela ichaziwe ohlwini lwezinzuzo.

UKWELASHWA ESIBHEDLELA

Uhlelo lwe-Medscheme Health Risk Solutions Hospital Management luqinisekisa ukuthi uthole ukunakekelwa okukufanele nokuseqophelweni eliphezulu lapho ulaliswe esibhedlela.

- Kufanele ufake isicelo sokuthola inombolo yokugunyazwa uma nje uzwa kuhlongozwa ukuthi uvakashele noma uyolaliswa esibhedlela (isiguli esizolaliswa noma esizokwelashwa sidedelwe). Shayela i-Authorisation Centre (isizinda sethu esigunyazayo) ku 0860 502 502 noma uthumele ngesikhahlamezi (fax) isicelo ku 021 466 1913.
- Uma kudingeka uthole ukwelashwa okuphuthumayo/ulaliswe esibhedlela ngempelasonto, ngeholide noma ebusuku KUYADINGEKA ukuthi uthinte i-Authorisation Centre ngosuku lokuqala lomsebenzi ngemuva kwalesosehlakalo.

Sidinga lolulwazi olulandelayo ngaphambi kokugunyaza ukwelashwa kwakho:

- Inombolo yakho yobulunga;
- Igama lelunga noma owelashwa ngekhadi lelunga kanye nosuku lwakhe lokuzalwa;
- Imininingwane esingaxhumana naye kuyo;
- Isizathu sokulaliswa esibhedlela, namazinga avumelekile ezindleko zokwelashwa okuhlongozwayo;
- Usuku lokungeniswa, nosuku lokuhlinzwa uma kuzonkwenziwa;
- Igama likadokotela inombolo abhaliswe ngayo, neyocingo;
- Igama lesibhedlela, inombolo ababhaliswe ngayo, neyocingo.

Uma ufuna ukulaliswa ngaphandle kwezinkinga:

- Tshela abakwa-Medscheme Health Risk Solutions kusenesikhathi (okungenani kusasele amahora angamashumi amane nesishiyagalombili (48) ngaphambi kokulaliswa esibhedlela;
- Unesi ogunyazayo uzokunika inombolo yakho yokugunyazwa okuzondingeka uyinike umabhalane owemukela izinguli esibhedlela;
- Ingosi yasesibhedlela esebenza ngezinzuzo izobe isikwazi ukuhlela ukulaliswa kwakho, iqinisekise nokuthi uthola ukunakekelwa okuyikhwalithi ngenkathi ulele esibhedlela;
- Uma ungakutholanga ukugunyazwa ngaphambi kokuyongena esibhedlela, noma ngosuku lokuqala lomsebenzi ngemuva kwalesosehlakalo esiphuthumayo, kungenzeka ukwelashwa kwakho kungakhokhelwa, kudingeke ukuthi ukhokhele zonke izindleko eziphathelene nokulaliswa kwakho esibhedlela;
- Yizinqubo ezivikeleke ngokwemibandela ye-scheme sakho kuphela ezizogunyazwa.

Kwenziwa yini ukuthi ezinye izicelo zenqatshwe?

Ezinye izicelo zokuthola igunya kungenzeka zenqatshwe, futhi kunezizathu ezehlukene zalokho; njengalezi:

- Ukwelashwa okuhlongozwayo akuvikelekile ngaphansi kwe-medical plan njengoba kuchaziwe emithethweni yalesisi-scheme;
- Ukwelashwa akukho ezingeni elivumelekile lowelapha lesosifo noma isimo;
- Uma ungasesilo ilunga.

EZOKUTHUTHA ZOSIZO OLUPHUTHUMAYO: I-ER24

I-ER24 yinxanxathela yezinto zokuthutha egcwele kuzwelonke zosizo oluphuthumayo esebenza amahora angu-24, esiza ngama-ambulense esimanje asemgwaqeni, izimoto eziphuthuma lapho kuhlatshwe khona umkhosi, nama-ambulense ayizindizamshini nanophephela emhlane.

Uma udinga usizo ngokushesha okukhulu, noma mhlawumbe udinga izeluleko zezokwelapha, okufanele ukwenze nje ukushaya UCINGO KANYE, oluzokuxhumanisa ne-Emergency Call Centre yethu lapho kunabasebenzi abaqeqeshiwe abanolwazi nekhono elisezingeni eliphezulu abazokusiza.

Inombolo yakhona: 084 124

Lombhalo ofinqiwe ngowokukunika ulwazi kuphela, futhi aluyibukeli phansi imithetho ye-scheme. Uma kukhona ukungahambisani noma ukushayisana phakathi kwalombhalo nemithetho, kuzosebenza imithetho.

IZINZUZO ZIKA-2012 ZOSUKU NOSUKU

ISIGABA SEZINZUZO

Ukuxilongwa ngudokotela: • Udokotela ojwayelekile	Akunqunyelwe uma kungudokotela obhaliswe ohlwini lwe-network *Umndeni ungaya kathathu kuphela ngonyaka kodokotela abangekho ku-network (akhokhelwe kuqala yilunga)*
• I-specialist	Umuntu ngamunye: R 2 160 ngonyaka Umndeni: R 4 340 ngonyaka *Kuhlanganisa konke okwenziwa i-specialist (kufanele umuntu athunyelwe ngudokotela)*
Imithi • yemihlangemihla	Ayinqunyelwe uma kungudokotela/ usokhemisi obhaliswe ohlwini lwe-network *Kubalwa ngesilinganiso esinqunyiwe*
• yesifo esingalapheki	Ayinqunyelwe uma kungudokotela/ usokhemisi obhaliswe ohlwini lwe-network *Kubalwa ngesilinganiso esinqunyiwe*
Ukwelashwa/ukulungiswa kwamazinyo: • Okujwayelekile	Akunqunyelwe uma kungudokotela obhaliswe ohlwini lwe-network
• Okusezingeni eliphakeme	kufanele umuntu athunyelwe ngudokotela okwi-network. kuhlanganiswa nenzuzo yokuya kwi-specialist *(akuhlanganisiwe ukufakelwa kwamazinyo)*
Ukukhulelwa	Akunqunyelwa uma kungudokotela obhaliswe ohlwini lwe-network *(Kuhlangene nokuxilongwa ngudokotela, imithi, nama-scan amabili)*
Imishini esetshenziswayo	R 2 620 ngonyaka umndeni Kuye ngokuthi loluhlelo luyakuvumela yini loko
Ukwelashwa kwamehlo	Kutholakala kodokotela bamehlo abasohlwini lwe-network njalo ngemuva kweminyaka emibili kusukela ngomhlaka 1/1/2011
I-Radiology/Pathology	Akunqunyelwe uma kungudokotela obhaliswe ohlwini lwe-network *Qinisekisa nalowodokotela ukuthi wenza nhloboni yokuhlola*
Ingculaza nesandulelo ngculaza (HIV/AIDS)	Kufanele kube ngudokotela osohlwini lwe-network *(Sekuhlangene nokuxilongwa kanye nemithi)*
Usizo oluphuthumayo/ i-ambulanse	Kukhokhwa izindleko eziphelele Izindleko ze-ER24 zihambisana nesamba esihlinzekiwe sonyaka

IZINOMBOLO ZOCINGO EZIBALULEKILE

Lapha usizakala khona uma unemibuzo	0860 502 502
Ukugunyazwa ukuthi ulale esibhedlela	0860 502 502
I-Ambulense: ER24	084 124
I-Carecross	0860 101 159
I-Prime Cure	0861 665 665
Inombolo yesikhahlamezi-Fax	011 671 3248
Ikheli le - e-mail uma unemibuzo	eyethumed@medscheme.co.za
Ikheli le - email lezinxephezelo zokuqala (first time claims submissions only)	claims@medscheme.co.za
Izicelo zezinxephezelo nezinye izincwadi zingathunyelwa ku:	EyethuMed Medical Scheme Private Bag X212 Bryanston, 2021

Lombhalo ofinqiwe ngowokukunika ulwazi kuphela, futhi aluyibukeli phansi imithetho ye-scheme. Uma kukhona ukungahambisani noma ukushayisana phakathi kwalombhalo nemithetho, kuzosebenza imithetho.